

CultureTalk South Africa Video Transcripts: <http://langmedia.fivecolleges.edu>
Girls' Soccer and the 2010 World Cup

Zulu Transcript:

Z: Uyadlala ama-*sport* noma uyenza izinto ezingaphandle kokuyenza izimfundo zakho lapha eHoly Family?

J: Yebo ngangidlala ibhola likanobhutshuzwayo – libizwa ngokuthi yi-*soccer*. Ngangidlala i-*position* yokuba yi-*striker* kodwa kwamanje sengiyekile ngoba sengiyenza u-*matric*¹ and akuvumelekanga esikoleni ukuthi ngiyenze i-*sports* ngenxa yokuthi kwamele kube ngiyafunda.

Z: Kunaba... Kunabafazi namantombazane amaningi abadlala i-*soccer* or ibhola likanobhutshuzwayo?

J: Yebo baningi kakhulu ngoba... Yebo baningi ngoba esikoleni sethu bathanda ukusixhasa njengokuthi amantombazane bafanele kwenze izinto lezi abafana nabo abaziyenzayo ngoba sonke silingene ngokufana.

Z: Wena, bowuzizwa kanjani ngenkathi indebe yomhlaba ikhona la eMzansi Afrika²?

J: Ngangijabule kakhulu ngoba leli ubekuyithuba lokubona abantu engibathandayo balapha eNingizimu Afrika³ njengabo... aboTorres⁴... neBrazil ngoba abantu abaningi bayayithand. So⁵ ngalokho kusincedile nange-*economy* yeSouth Africa – ziningi izinto eziyenzekile ngenxa yalo ibhola likanobhutshuzwayo.

Z: Ube uthanda liphi iqembu kakhulu?

J: Ngangithanda iArgentina kakhulu ngoba inama-*player* ebengiwathanda kakhulu njengoMessi, futhi kwakuyi-*team* eli... e-*disciplined* ekwazi ukudlala ibhola kahle.

Z: Kodwa abadlalanga kahle kakhulu – abaphumelelanga. Ucabangani ngalabantu abaphumelelile iSpain?

J: Siyababongela kodwa ngangicabanga ukuthi hayi... nebangafanelanga ukuthi ba-*win*-e ngoba akusiyiqembu elicacile kahle liphethe ama-*player* amahle kakhulu adlalela ama-*team* amakhulu kodwa bona nasebahlangene abadlali ibholo elithandekayo.

¹ matric: The final year of high school, as in “I’m in matric this year.” Shortened from “matriculation year.” Also used to refer to a student in matric, as in “The matrics of 2010 did very well.”

² Mzansi Afrika: South Africa. Ningizimu Afrika is also commonly used to refer to South Africa in Zulu.

³ Ningizimu Afrika: South Africa. Mzansi Afrika is also commonly used to refer to South Africa in Zulu.

⁴ Fernando Torres: A Spanish soccer player.

⁵ The speaker uses the English word “so.” The Zulu equivalent would be *manje*.

Z: Awungitshela, njengoba bekuyindebe yomhlaba – isikole sona besingena kanjani nokubukela kumabonakude noma ukuya lapha e-*stadium* niyobona imidlalo?

J: Isikole... sasivaliwe *for* wona lawoma... *six weeks* lawo. *So* ngalokho besiya esikoleni ngama-*Saturday*. Futhi... sasihamba... *before* indebe yomhlaba ifika – sasijwayele ukuhamba vele ngama-*Saturday* ukuthi sikwazi uku-*cover*-a wonke umsebenzi owawudingeka *before* kufika lesikhathi lesisendebe yomhlaba ngoba kwakuzoba ne-*traffic* nazonke lezinto lezi ezizosiphazamisa.

Z: Bekungama-*matric* kuphela ayayo esikoleni noma bekuyawonke umuntu esikoleni ukuthi bayoyenza umsebenzi?

J: Cha, kwakuya ama-*matric* kuphela ngoba yilo izinga elibalekile esikhathini samanje.

Z: Wena, ngokubona kwakho ucabanga ukuthi ama-*matric* walonyaka – *two thousand and ten* – bazokhona ukuphumelela?

J: Mayingabe bazinikele, futhi bayafuna ukuphumelela, yebo bangaphumelela ngoba indebe yomhlaba yinto efikile yadlula kodwa u-*matric* yinto ezohlala nawe impilo yakho yonke. *So* ngiyakholwa ukuthi wonke ama-*matric* waka-*two thousand and ten* azokwazi ukuphumelela mangabe bayazinikela futhi bayasifuna nje lesitifiketi⁶.

English Translation:

Z: Do you play sports, or do you do anything outside your studies at Holy Family?

J: Yes, I used to play football – also known as “soccer.” I used to play the striker position, but now I have stopped because I am in *matric*⁷ and at my school I am not allowed to play sports because I need to be studying instead.

Z: Are there... are there a lot of women and girls who play soccer or football?

J: Yes, there are a lot because... Yes, there are a lot because our school likes to encourage the girls that they can do whatever the boys are doing because we are all equals.

Z: And you, how did you feel when the World Cup was in South Africa?

J: I was really happy because it was a chance to see people that I like here in South Africa, like... Torres⁸... and Brazil, because a lot of people love them. It helped even with the economy of South Africa – there are a lot of things that happened because of football.

⁶ *isitifiketi* (certificate): Certificate of Matriculation. Equivalent to a high school diploma in the U.S.

⁷ *matric*: The final year of high school, as in “I’m in *matric* this year.” Shortened from “matriculation year.” Also used to refer to a student in *matric*, as in “The *matrics* of 2010 did very well.”

⁸ Fernando Torres: A Spanish soccer player.

Z: Which team did you like the most?

J: I liked Argentina the most because it has a lot of players that I liked, like Messi, and it is a team that is... disciplined and knows how to play good football.

Z: But they didn't play too well – they didn't win. What do you think about the people that did win, Spain?

J: I congratulate them, but I thought that no... they didn't deserve to win because they are not a team that is that good; it has a lot of good players who play for big teams, but when they come together, they don't play good football.

Z: Tell me, since it was the World Cup – how did school factor in with watching on TV or going to the stadiums to see games?

J: School... was closed for those... six weeks. So we would go to school on Saturdays. Also... we would go... before the World Cup arrived – we were already used to going on Saturdays so that we could cover all the work that was needed before it was World Cup time, because there was going to be traffic and all these things that would get in the way.

Z: Was it only matrics who went to school [on Saturdays], or did everyone in the school go there to do work?

J: No, only the matrics went because that is the most important grade right now.

Z: You, in your opinion – do you think the matrics of this year – 2010 – will be able to succeed [pass]?

J: If they persevere, and they want to succeed, yes, they can pass, because the World Cup is something that came and went, but matric year is something that will stay with you all your life. So I believe that all the matrics of 2010 will be able to succeed if they dedicate themselves, and if they really want the certificate⁹.

About CultureTalk: CultureTalk is produced by the Five College Center for the Study of World Languages and housed on the LangMedia Website. The project provides students of language and culture with samples of people talking about their lives in the languages they use everyday. The participants in CultureTalk interviews and discussions are of many different ages and walks of life. They are free to express themselves as they wish. The ideas and opinions presented here are those of the participants. Inclusion in CultureTalk does not represent endorsement of these ideas or opinions by the Five College Center for the Study of World Languages, Five Colleges, Incorporated, or any of its member institutions: Amherst College, Hampshire College, Mount Holyoke College, Smith College and the University of Massachusetts at Amherst.

© 2013 Five College Center for the Study of World Languages and Five Colleges, Incorporated

⁹ certificate (*isitifiketi*): Certificate of Matriculation. Equivalent to a high school diploma in the U.S.